Isifundo 13

*June 22–28

Ukuguqula Izinhliziyo Esikhathini Sokugcina

ISABATHA EMINI

Funda Kuleliviki:

Mal. 4:5, 6; Mat. 11:14, 15; 17:10; 1 Amakhosi 16:29–17:24; 1 Amakhosi 18:20–45; Mat. 3:2.

Indimana Yekhanda:

"'Bhekani, ngiyakuthuma kini u-Eliya umprofethi, lungakafiki usuku lukaJehova olukhulu nolwesabekayo. Uyakuphendulela izinhliziyo zawoyise kubantwana nezinhliziyo zabantwana koyise, funa ngifike, ngishaye izwe ngesiqalekiso' " (Malakhi 4:5, 6, NKJV).

Izimpilo zethu zingezigaba. Ngezinye izikhathi lezozigaba zihmaba kahle; ngezinye izikhathi akunjalo. Ngezinye izikhathi imindeni iqinile futhi ihlangene; ngezinye izikhathi ibuthakathaka, noma yephukile. Nomangabe yisiphi isigaba, nomangabe yisiphi isimo esizithola kuso noma imindeni yethu kulomzuzu, singakwazi ukuba futhi kumele siphile ekukhanyeni kwezithembiso zikaNkulunkulu, sibambelele kuzo ngenhliziyo yethu yonke nangomphefumulo nangamandla ngoba, ekugcineni, ziyithemba lethu elilodwa. Kodwa ithemba elikhulu eliyizo. Izwi likaNkulunkulu ligcwele izithembiso, izithembiso okuthi, nakuba kuyisiphi isigaba sokuphila thina noma imindeni yethu ekuso—singazibangela zona, nezithandwa zethu, nomndeni wethu, kanye nebandla lethu. Kulesisifundo sokugcina sekota, sizobuka ezinye izindaba zeBhayibheli, izithembiso, kanye namava ngezingqikithi ezahlukahlukene. Njengoba senzenjalo, sizofuna ukuzitomulela isifundo namuhla, nakuba ingqikithi kuyiyiphi. Ngokuba, okungenzeka kakhulu, nomangabe ungubani, noma ukuphi, noma ukusiphi isigaba sempilo, unemishikashika, ukwesaba, ukukhathazeka. Ngenhlanhla, sikhonza uNkulunkulu ongazi nje kuphela lokho esibhekana nako kodwa, esingaqiniseka ngokuthi, uhambele ngaphambili kwazo futhi.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-June 29.*

Isiprofetho Sezinhliziyo Eziphendukileyo

Qhathanisa isiprofetho sokuza kukaEliya kanye nezinkomba zeTestamente Elisha. Mal. 4:5, 6; Mat. 11:14, 15; 17:10; Marko 6:15; Luka 1:17.

Ezinsukwini zikaMalakhi, ubizo lukaNkulunkulu esizweni, " 'Buyelani kimi, ngiyakubuyela kini,' " lwahlangabenzana nempendulo ehoshayo, " ' "Siyakubuyela kanjani?" '" (Mal. 3:7, NKJV). Umprofethi oxakanisekile wamemezela ukuthi elinye ithuba lemvuselelo lizobakhona. Ekhumbula imvuselelo ephendula izinhliziyo eyaqala nguEliya (1 Amakhosi 18:37), uMalakhi waprofetha ngokuza kwakhe futhi ukuzo " 'phendulela izinhliziyo zawoyise kubantwana nezinhliziyo zabantwana koyise' " (Mal. 4:6, NKJV). Imfundiso yamaJuda yathuthukisa ukuthi uEliya wayezoqhamuka mathupha ezobikezela uMesiya (qhathanisa Matt. 17:10, Marko 6:15). Nokho, iTestamente Elisha lethula uJohane Umbhabhathizi njengesigcwaliseko sesiprofetho (Matt. 11:14, 15; Luke 1:17).

Ucabanga ukuthi isisho esithi "ukuphendula izinhliziyo" sichaza ukuthini na?

Lezizisho zingasebenza kaningana: Sibhekise ekubuyisaneni kwabantu bakwaIsrayeli neNkosi. UNkulunkulu njengoBaba (Isa. 63:16) uphendukile olakeni Lwakhe ngakubantwana Bakhe (Mika 7:18, 19) futhi ubabizela ekubuyeleni Kuye (Isa. 44:22, Mal. 3:7). Sibhekise ekuxhumaneni kabusha kwezizukulwane zakamuva kanye nokhokho bazo ababethembekile ngesivumelwano esivuselelwe. Ubizo lwesiprofetho sokuthi abantwana bakaNkulunkulu balandele inkolo yezingqalabutho lwanikezwa ngokuphindaphinda kwiTestamente Elidala. Ukuthi izwe liqhube njengendawo yokuhlala ebusisiwe kwakuhambisana nokuthembeka esivumelwaneni (Dut. 4:29-31). Sibhekise ekubuyiselweni kanye nasekuvuselelweni kobudlelwane bemindeni. Ubudlelwane bomzali nengane buveza ngendlela ekhethekile ukwethembeka esivumelweneni NoNkulunkulu. Lapha, futhi, ukugcwaliseka kwemithwalo kubazali kanye nabantwana kuthungelwe nefa eliqhubekayo lezwe kanye nesibusiso sikaNkulunkulu (Zag. 2:21).

Yikuphi ukuxhumana phakathi kobudlelwane obuvuselelwe NoNkulunkulu kanye nobudlelwane obuvuselelwe emindeni yethu na? Kungani okunye kumele kwandulele okunye na?

Ukuhlangana Kabusha Komndeni

Ukungeniswa kokukhonza uBali kwaIsrayeli nguJezebheli, unkosikazi ongumSidoni weNkosi uAhab, kwasheshisa isizwe ekuziphatheni kabi. Izimfundiso zikaNkulunkulu ezaziphakamisa umshado, umndeni, kanye nezocansi zasithwa yimikhuba yokulalana kwezelamani, ubufebe, kanye nokunye ukuphendukezelwa kwezocansi. Kulelishashalazi lokungquzulana ngokukhonza kwangena uEliya, ogama lakhe, "uJehovah nguNkulunkulu wami," walwa noBali.

Yimaphi amava kaEliya ahambisana naye echitha izinkolelo zobuhedeni futhi eletha impilo entsha emindenini na? 1 Amakhosi 16:29–17:24; qhathanisa noLuka 4:25, 26.

UEliya wayeyindoda ephawuliwe ngemuva kokumemezela isiqalekiso sesomiso phezu kwezwe. UNkulunkulu wamfihla endaweni engalindelekile—ekhaya lomfelokazi eSerepta laseSidoni, eduze kwedolobha lakuboJezebeli. UEliya wabingelela umfelokazi ngesivivinyo esibi, ukuba asebenzise amafutha nofulawa okugcina ukondla yena nokuthemba uNkulunkulu ngekusasa lakhe. Ukholo lomfelokazi lwabangumlando. UJesu ngoKwakhe wayezomncoma kamuva (Luka 4:26). Lapho amafutha akhe nofulawa kunwebeka izinsuku eziningi, lowesifazane waqonda kabanzi ngoJehovah. Kwathi, ngengozi, indodana yakhe okungukuphela kwayo yagula futhi yafa. Ekuvezeni umunyu wakhe kuEliya, waveza inkolo ayijwayele, inkolelo ephendukezelwe eyayengamele uIsrayeli, lapho isono sothile sasingafuna umhlatshelo wengane (1 Amakhosi 17:18; qhathanisa noJer. 19:5, Mika 6:7).

Ukuhlangana kabusha nendodana yakhe kwaba nomthelela onjani kumava ezikamoya omfelokazi wase-Phoenicia na? 1 Amakhosi 17:24. Yini esingayifunda enkulumweni yakhe na?

Impendulo kamama yembula umthelela wombiko kaEliya. Ukukholwa kuNkulunkulu kanye nakwiZwi Lakhe kuqubuka enhliziyweni, ngamandla Akhe, lapho impilo ivuselelwa nomndeni uhlangana kabusha. Abaningi namuhla bangafakaza lapho izimfundiso zishumayelwa, kodwa bandikindiki kwezikamoya. Nakuba kunjalo, lapho amaqiniso Ezwi likaNkulunkulu ebangamava othile futhi nemvuseleleo kanye nokubuyisana kwenzeka kubudlelwane basekhaya, ukuqiniseka kuza ngamandla enhliziyweni.

Yikuphi okunye ukuhlangana kabusha kwemindeni osakulindele na? Yiziphi izithembiso zikaNkulunkulu obambelele kuzo ezikunikeza ithemba lalokho kuhlangana kabusha na?

Ukuphendulela Izinhliziyo KwiAltare

Funda u-1 Amakhosi 18:20–45. Bhala emigqeni engezansi okumayelana nalendaba. Nakuba ingqikithi yehluke kakhulu, izimiso esizibona kulendaba zisebenza kanjani emndenini na?

Entabeni yaseKameli, uEliya walangazelela ukuvuselelwa kwesivumelwano ohlangothini lwesizwe, ukuphendukela enkolweni yokhokho okwakuzoletha ukuphulukiswa ezimpilweni zabo, amakhaya abo, kanye nasezweni labo. Ihora lomhlatshelo wakusihlwa. Ngemuva kokuba abapristi babahedeni behlulekile ngemihlatshelo yabo, uEliya wathatha indawo yakhe. Wayenza ngamabomu. Isikhathi sosuku sasisondela sokubhekisa ohlelweni lukaNkulunkulu lokuhlenga olumbulwa yinkonzo yendawo engcwele (qhathanisa noEks. 29:41). Isimemo " 'Wozani kimi' " (1 Amakhosi 18:30, NKJV) sisikhumbuza ngoMsindisi amukela izoni (qhathanisa noMat. 11:28). Abazali abakhathazwa ngokuphambuka kwengane bangaqiniseka ngokuthi uNkulunkulu uyayithanda ngeqiniso njengalokhu athanda uIsrayeli. UNkulunkulu usebenza ngokungaphezi ukudonsela abaphambukile Kuye. Ukugxila kukaEliya kwialtare likaJehovah kuthola ukufana nesikhathi sethu lapho uJesu kanye nomusa Wakhe osindisayo ephakamiswa emindenini. Ukukhonza emndenini yithuba lokukhuluma Naye ngomkhuleko, ukukhuluma Ngaye komunye nomunye, ukwamukela kabusha isipho Sakhe samahala sosindiso, kanye nokunikela izinhliziyo zethu isikhathi sokuzindla ngezimfundiso Zakhe. Impendulo uEliya ayicela yayizophawula ukuthi uNkulunkulu wayemamukele Kuye. Amakhosi okuqala 18:37 athi, ukuba " 'lababantu bazi ukuthi . . . Uphendulele izinhliziya zabo Kuwe futhi' " (NKJV). Asikwazi ukuphendulela izinhliziyo zethu kuNkulunkulu; esingakwenza ngukuphendula kumusa Wakhe kuphela, futhi Lokhu ukunikeza mahala.

Umlilo oshisa konke wehla, hhayi phezu kwabanecala kepha phezu komhlatshelo, okhomba kuJesu, owenziwa " isono ngenxa yethu, ukuze kuyena senziwe sibe ngukulunga kukaNkulunkulu" (2 Kor. 5:21, NKJV). Ukuvuma kanye nokudumisa kwaphuma ezindebeni zabantu. Ngoba bengazange basabele ubizo lukaNkulunkulu, abapristi bamanga babulawa. Kwathi izimvula ezivuselelayo zaqeda isiqalekiso phezu kwezwe.

I"altare" lasekhaya lakho likwesiphi isimo na? Yiziphi izindlela eziqondile "ongakha kabusha ialtare" ekhaya lakho, uma nembala lidinga ukwakhiwa kabusha na?

Ukuphendula Izinhliziyo EJordani

Ngokuhambisana nesiprofetho sikaGabriyeli (Luka 1:17) nesiqinisekiso sikaJesu ngaye enguEliya wesiprofetho (Mat. 11:14; 17:12, 13), abalobi beVangeli baqinisa ukuthi uJohane Umbhabhathizi waye "yisithunywa" esasizolungisa indlela yeNkosi (Mat. 11:10, Marko 1:2, Luka 7:27; buka noMal. 3:1).

Qaphela izigaba zombiko kaJohane. Lombiko "wawuyiphendula kanjani inhliziyo" na"? Mat. 3:2, 8; 14:4; Marko 1:4; Luka 3:3, 8, 9, 11, 13, 14.

Njengomlimi olima umhlaba olukhuni ukulungiselela ukuba wamukele imbewu, uJohane wakhuza isono futhi wakhuthaza izoni ukuba ziphenduke. Isimo somuntu siwukuthi, ngaphandle kokuzihlola, ngaphandla kokwazi isimo sakhe sangempela, asikho isidingo esizwakalayo sobungcono. Umbiko wakhe waphendulela abantu ebungcweleni bezimfuno zikaNkulunkulu kanye nesidingo sabo sokulunga Kwakhe okupheleleyo. Ukuphenduka okuyikona njalo kuphawulwa ngokuzithoba kanye nokubuka kuNkulunkulu ufuna usizo lokuguqula ukuziphatha kothile. Ngokuveza ukungadephi, ukuzenzisa kwalabo ababebanga uAbrahama njengobaba wabo, wayefuna ukuvula incazelo ejulile yokholo lokhokho babo.

Umbiko kaJohane Umbhabhathizi wayilungisa kanjani indlela kaJesu na? John 1:35–37, 3:27–30.

UJohane wayebonisiwe ukuthi uJesu wayeyiWundlu likaNkulunkulu. Ngenkathi ethula uJesu ngalendlela (Johane 1:29, 36), wabaphendulela ngempela abantu eNkosini. U-Andrew kanye nomunye wabafundi bakaJohane, uJohane, umlobi weVangeli owabhala umlando wangalolosuku, bashiya Umbhabhathizi baba ngabafundi bakaJesu. Umbiko kaEliya awukhombi nje kuphela isidingo sokuphenduka; uveza Lowo osindisa esonweni, ivuse ukujabula Ngaye futhi wethule abantu Kuye.

Uma uJohane Umbhabhathizi ubengangena ekhaya lakho, ucabanga ukuthi ubezothini kuwe?

Ukuguqula Izinhliziyo Ezinsukwini Zokugcina

Ngomqondo othile, thina njengama-Adventist sizibona endimeni kaJohane Umbhabhathizi. Isigijimi sokuvuselela kanye nokuphenduka sasifuna ukulungisa indlela yokuza kokuqala kukaJesu; thina, njengebandla, sizibona senza okufanayo ngoKuza Kwesibili.

Funda ngokukhuleka uLuka 1:17. Lamazwi awuveza kanjani umbiko wethu na?

_____

_____

_____

UBaba osezulwini uphendulele izinhliziyo zabantwana Bakhe Kuye futhi uphendulele izinhliziyo zabantwana Bakhe komunye nomunye ngeSiphambano sikaKristu. Umbiko kaEliya unxusa imindeni ukuba ikholwe lezizindaba ezimangalisayo ezimnandi (2 Kor. 5:18–21; qhathanisa noEfe. 2:11–18) futhi ukuba ngabantu abagcwaliswe ngumusa woMoya Wakhe kuletha isivuno sothando kubo.

Izwe lidinga kakhulu Isibonelo sokunaka okungenamhobholo, ukuzinikela okungapheli, kanye ngokukhonza uNkulunkulu okungathikamezeki. Ngomusa kaNkulunkuliu imindeni yamaKristu ingahlinzeka ngalesisibonelo. Kepha, kumele sikhumbule ukuthi umbiko esinawo wezwe ubhekene nathi futhi. Zize izimiso zevangeli, zobunye, zothando, zokuzidela zibonakale phakathi kwethu, ikakhulu emindenini yethu, sonke asiyikuba namandla okwabelana ngalombiko nabanye. Zonke izintshumayelo zobuciko, konke ukufundisa okuhlelekile ngezibhalo, akwanele: Izwe lidinga ukubona ezimpilweni zethu, ikakhulu emindenini yethu, ukuphenduka, izinhliziyo eziphendukile, uthando, kanye nokuzinikela esishumayela ngako. NjengoJohane Umbhabhathizi abanamandla aguqula izimpilo futhi kwenza ukushumayela kwakhe kusebenze, singenza okufanayo ngomusa kaNkulunkulu, kodwa kuphela ngokwezinga esivuma ukubambisana ngalo.

NgoJesu, siyingxenye yomndeni ezulwini (Efe. 3:15). Ngalokho, nakuba singumndeni woyedwa noma ngaphezulu, sibizelwe ukuba ngofakazi ngoNkulunkulu esithi siyamkhonza, futhi akukho okungenza ukufakaza kwethu kusebenze ngaphandle kokubonisa izwe umndeni, nakuba ungakanani, ongaba yiko ngamandla evangeli.

Yini ongayenza, ngendlela ekhethekileyo, ukubonisa labo abasondele kakhulu kuwe, noma kungabomndeni noma abanye, ukuthi uyabathanda futhi uyazikhathaza ngabo na?

_____

Umcabango Obanzi:

Ellen G. White, "Carmel," pp. 143–154, in *Prophets and Kings;* "The Voice in the Wilderness," pp. 97–108, in *The Desire of Ages*. "Umbiko wethu kumele uqonde njengalowo kaJohane. Wakhuza amakhosi ngobubi bawo. Engenandaba nengozi empilweni yakhe, akazange avume ukuba iqiniso lilibale ezindebenzi zakhe. Umsebenzi wethu kulesisikhathi kumele wenziwe ngokuthembeka."—Ellen G. White Comments, *The SDA Bible Commentary*,vol. 4, p. 1184.

Imbuzo Yokuxoxisana:

1. Njengeklasi, xoxani ngokufaneleka kombiko kaEliya ebandleni enikulo. Yini eningayenza ukusiza ibandla liqonde umbiko kanye nendima yalo ekuwuhambiseni na?

2. Yenza labo abavumayo ukuba babelane neklasi ngamava abo "okuphendula izinhliziyo." Yiziphi izinguquko ezenzeka na? Yimuphi umehluko lamava abanawo ezimpilweni zabo kanye nezimpilo zemindeni yabo na?

3. Uma sizibona endimeni kaJohane Umbhabhathizi, yini okumele siyilindele ukuba yenzeke kithina na? Yini echazwa yimpendulo na?

4. Njengeklasi, sebenzani ngesigaba, uhlobo "Lwesimemezelo Sezimiso Zomndeni," esifaka kangcono umqondo wezibhalo ngomndeni. Yikuphi obungakusebenzisa ukusiza ukwakha lezizimiso na? Yini oyifundile kulekota engase kube ikusizile ekusunguleni lezizimiso na? Lungela ukwabelana nebandla lonke.

5. Njengomzali, yiziphi izithembiso ongabangela abantwana bakho, okungenani kulesisigaba, abasukile eNkosini na?